

Isigqi Sokuphumula



NGESABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki Funda ku: *Genesis 1, Eks. 20:8-11, Eks. 16:14-31, Duter. 5:12-15, iHubo 92, Isaya 58:13.*

Indimana Yekhanda: “UNkulunkulu wase elubusisa usuku lwesikhombisa, walungcwelisa, ngoba waphumula ngalo kuyo yonke imisebenzi yaKhe abeyenzile” (*Gen. 2:3, NKJV*).

Ubani-nje ongacabanga ukuthi izenzo zokudala zazinjani—ukukhanya phakathi kobumnyama, ulwandle yo ngezilwanyana eziphilayo, izinyoni ezindizayo—nokudalwa kukaAdamu no Eva ngendlela eyisimangalisayo?

Asikwazi nokufanekisa ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani konke lokhu.

Kodwa ngemuva kokudala konke, uNkulunkulu wabhekisa amehlo aKhe kokunye. Uma usabuka okokuqala, akuthathekisi njengemikhomo noma ubuhle bezimpaphe. UNkulunkulu wavele wenza usuku, usuku lwesikhombisa, walwenza lwaba olukhethekile. Ngaphambi kokuthi abantu bagijimele ekushikashikeni abazigidlabeze kona nokubafakela ingcindezi, uNkulunkulu wenza isibekiso esizokuba isikhumbuzo esiphilayo. UNkulunkulu wayefuna lolusuku lube yisikhathi sethu sokuyeka esikwenzayo, sizithokozise ngokuphila—usuku lokuphila, hhayi elokusebenza, ukuhalalisa isipho sotshani, umoya, izilwane zasendle, amanzi, abantu, kanti ngaphezu konke, uMdali wazo zonke izipho ezinhle. Lesimemo sasizohlala njalo, ngakhoke, kusukela ekuqaleni, wasifaka phakathi kwesikhathi uqobo.

Kuleliviki, sizofunda ngesimemo esimangalisayo sikaNkulunkulu sokuthi singene ekuphumuleni futhi nafuthi, ngalo lonke usuku lwesikhombisa.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 28.*

Isingeniso Sokuphumula

UNkulunkulu wayekhona ekuqaleni. UJehova uNkulunkulu wakhuluma, kwenzeka. Ukukhanya kwehlukhanisa imini nobusuku; umkhathi, isibhakabhaka, nolwandle kwaba khona ngezwi elakhulunywa ngosuku lwesibili; umhlaba owomile nezitshalo kwalandela ngosuku lwesithathu. UNkulunkulu wabeka isisekelo sesikhathi namazwe, wase ekugcwalisa ezinsukwini ezintathu ezilandelayo. Izinkanyiso zibusa isibhakabhaka ebusuku. Ngokwehlukile kulokho okushiwo yizinkolo eziningi, umlando wokudalwa oseBhayibhelini ukucacise kahle ukuthi ilanga, inyanga, nezinkanyezi azibona onkulunkulu. Ziqhamuka ngosuku lwesine, zithobela izwi loMdali.

Indlela uMose achaza ngayo usuku lwesihlanu nolwesithupha (*Gen. 1:20-31*) igcwele ukuphila nobuhle. Izinyoni, izinhlanzi, izilwane zasemhlabeni—konke kugcwalisa isikhala esilungiswe nguNkulunkulu.

Indlela uNkulunkulu ancoma ngayo, isitshelani ngendalo? Funda uGenesis 1:1-31.

Lesi akusona-nje noma yisiphi isikhala esidalwe nguNkulunkulu; *indawo ephelele*. Izilwanyana eziphithizelayo zigcwalise umhlaba. Njengekuphindaphinda kwengoma, uNkulunkulu ulokhu ethi, “kuhle” usuku ngalunye.

Yini eyehlukile ngokudalwa kwabantu kunakho konke okunye okudaliwe? Funda uGenesis 1:26, 27 no Genesis 2:7, 21-24.

UNkulunkulu uyakhothama, ubumba udaka. Ukudalwa komuntu ngokomfanekiso kaNkulunkulu kuyisifanekiso sobudlelwane obusondelene. UNkulunkulu uyagoba, aphefumulele ukuphila emakheleni kaAdamu, kwaba khona isidalwa esiphilayo. Ukudalwa okukhethekile kukaEva ngobambo lukaAdamu kuyinxenye yohlelo lukaNkulunkulu ngabantu—ukubambisana okungcwele phakathi kuka *‘ish no ishshah’* “owesilisa nowesifazane.”

Manje uma uNkulunkulu ebuka yonke into ayidalile ngosuku lwesithupha, ingoma izwakala yehlukile: “UNkulunkulu wabona yonke into abeyidalile ukuthi inhle kakhulu (*Gen. 1:31, NKJV*).

Cabanga ngokwehluka kwendaba yokudalwa njengokusho kweBhayibheli, uma iqhathaniswa nemfundiso yabantu abangaholwa yizwi likaNkulunkulu. Lokho kufanele kusitshelani mayelana nokwethemba izwi likaNkulunkulu ukuze siqonde iqiniso?

Umyalo Wokuphumula

Kungenzeka indalo ibe “yinhle kakhulu,” kodwa akukaqedwa. Ukudala kuqedwa ngokuphumula kukaNkulunkulu, nesibusiso esikhethekile sosuku lwesikhombisa, iSabatha. “UNkulunkulu wase elubusisa usuku lwesikhombisa, walungcwelisa, ngoba waphumula ngalo kuyo yonke imisebenzi yaKhe abeyidalile wayenza” (*Gen. 2:3, NKJV*).

ISabatha liyinxenye yendalo kaNkulunkulu. Empeleni, yisicoco sokudalwa. UNkulunkulu wenza ukuphumula, wenzela abantu indawo (kulezo nsuku, umndeni kaAdamu noEva) lapho bengashiya khona imisebenzi yansuku zonke, baphumule noMdali wabo.

Ngeshwa, kwangena isono kulomhlaba, saguqula yonke into. Kwaphela ukuxhumana-ngqo noNkulunkulu. Esikhundleni salokho, kwaba khona ukuzala kabuhlungu, umsebenzi onzima, ubudlelwane obuyincikinciki nobubhedayo, njalo njalo—isikhalo sosizi sonke esisazi kahle okuyimpilo yalomhlaba owile. Kanti futhi, naphakathi kwakho konke lokhu, iSabatha likaNkulunkulu lisamile, isikhumbuzo sokudalwa kwethu nethemba nesithembiso sokudalwa kwethu kabusha. Uma babedinga ukuphumula kweSabatha ngaphambi kwesono, kangakanani-ke manje ngemuva kwesono?

Iminyaka eminingi ngemuva kwalokho, ngesikhathi uNkulunkulu ekhulula abantwana baKhe ebugqilini baseGibithe, uyabakhumbuzisa futhi ngalolusuku olukhethekile.

Funda: uEksoduse 20:8-11. Lokhu kusifundisani ngokubaluleka kweSabatha ngokuqondene nendalo?

Ngalomyalo, uNkulunkulu uthi asikhumbule lapho sivala khona. Ngokuphikisana nalokho abaningi abakholelwa kukho, asivelanga ngengozi phakathi kwezimo zomhlaba. Kunalokho, sidalwe ngokomfanekiso kaNkulunkulu. Sadalelwa ubudlelwane noNkulunkulu. Akusho lutho ukuthi amaIsrayeli ake aphantsi njengezigqila, engenasithunzi. ISabatha ngalinye, kwakuthiwa abakhumbule ukuthi bangobani ngempela, izidalwa ezenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu uqobo.

“Njengoba iSabatha liyisikhumbuzo somsebenzi wokudala, luwuphawu lothando namandla kaKrestu.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 281.

Cabanga ngokubaluleka kwemfundiso yokudalwa kwezinsuku eziyisithupha. Vele-nje, iyiphi enye imfundiso ebaluleke kangako, uNkulunkulu aze ayale ukuthi sinikele ngokwesikhombisa kwempilo yethu, masonto onke, kungaphuthi nelilodwa, silikhumbule? Lokhu kukodwa-nje, kufanele kusifundiseni ngokubaluleka kokukhumbula ukuthi sivelaphi ngempela, njengoba kushiwo encwadini kaGenesis?

Izimo Ezintsha

Sekwedlule iminyaka engu 40 bezula ehlane, kwase kukhona isizukulwane esisha esasingenalwazi olungakanani ngeGibithe, Mhlawumbe babengenalo noluncane. Impilo babeyibuka ngendlela eyehluka kakhulu kunabazali babo. Lesizukulwane esisha sasikubonile ukungakholwa kwabazali baso, okwaba nomphumela wokuthi nabo kwadingeka bazule ehlane njengoba abazali babo bafela khona.

Babenenhlanhla yokuba neTabernakeli phakathi kwabo, belibona ifu elimele ubukhona bukaNkulunkulu phezu kwalo. Uma lisuka, babazi ukuthi sekuyisikhathi sokuqoqa imithwalo, balandele. Lelifu elalibanika umthunzi emini, libakhanyisele, futhi libafudumeze ebusuku, laliyisikhumbuzo sothando lukaNkulunkulu nokubanakekela kwaKhe.

Yisiphi isikhumbuzo seSabatha esiqondene nabo-ngqo, ababenaso? Funda uEksoduse 16:14-31.

Ngokuphikisana nemfundiso edumile, lezindimana ziyafakaza ukuthi iSabatha losuku lwesikhombisa lalikhona ngaphambi kokunikezwa komthetho eSinayi.

Kwenzekani la?

Ukudla okukhethekile uNkulunkulu akuhlinzeka kwakuyisifundo sansuku zonke sokuthi uMdali uyazondla izidalwa zaKhe. Ngendlela ebonakalayo, uNkulunkulu wayebonelela izidingo zabo. Usuku ngalunye lwaluyisimangaliso, kuvele ukudla, kubuye kunyamalale ngokushiswa yilanga. Uma kukhona oke wazama ukubuthela nosuku olulandelayo, kwakubola, kunuke; kodwa njalo ngolokuLungisela iSabatha, kwakwanela izilinganiso ezimbili, okusalayo kudliwe ngeSabatha kuhlale kungonakalanga.

UIsrayeli manje wayenezinkonzo zetabernakeli nayo yonke imithetho ebhalwe kuLevitikusi noNumeri. Kodwa uMose, owayesegugile ubiza wonke umuntu, alande umlando wabo, aphinde imithetho eyayinikezwe nguNkulunkulu (*bheka uDuter. 5:6-22*).

Lesizukulwane esisha sase silungele ukungena ezweni lesithembiso. UIsrayeli wayesezothola ubuholi obusha, kanti uMose wayefuna ukuqiniseka ukuthi lesizukulwane siyokhumbula ukuthi bangobani, nokuthi uyini umsebenzi wabo. Wayengafuni baphinde amaphutha abazali babo. Kanjalo-ke, uphinda umthetho kaNkulunkulu. Imiyalo eyishumi iyaphindwa ukuze lesizukulwane osekuzele kancane sinqobe iKhenani, singakhohlwa.

Ekuphileni kwethu, ukubuya kukaJesu kufana nomzuzwana-nje uma sesifile. Kanjalo-ke, ukubuya kwaKhe kuhlale kuseduze, Mhlawumbe kuseduze ngaphezu kokuba sicabanga. Ukugcina iSabatha kusikhumbuzo kanjani ngalokho uNkulunkulu asenzele kona, nalokho azosenzela kona ekubuyeni kwaKhe?

Esinye Isizathu Sokuphumula

USrayeli wayemise ogwini lwasempumalanga lomfula iJordani. Base benqobe amazwe angaphansi kwenkosi yama Amori. Uyaphinda futhi uMose kulesikhathi esibucayi, ubiza uSrayeli, ebakhumbuza ukuthi isivumelwano esenziwa eSinayi, kwakungesona-nje esabazali babo, kwaku esabo nabo. Uyaqhubeka aphinde imiyalo eyishumi, enzela bona.

Qhathanisa uEksoduse 20:8-11 noDuteronomi 5:12-15. Kwehlukene kanjani ukushiwo komyalo weSabatha lapha?

KuEksodusi 20:8, umyalo uqala ngegama elithi “Khumbula.” UDuteronomi 5:12 uqala ngelithi “Gcina.” Igama elithi “khumbula” liza kamuva emyalweni uqobo (*Duter: 5:15*). Kulendimana, batshelwa ukuthi abakhumbule ukuthi babeyizigqila. Nakuba lesizukulwane sakhula sikhululekile, ngabe bonke bazalelwa ebugqilini ukuba abakhululwanga ngendlela emangalisayo. Umyalo weSabatha wawuzobakhumbuza ukuthi Yena lowo Nkulunkulu owayesebenza endabeni yokudala, wayesebenza futhi ekukhululweni kwabo: “UJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha khona ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo.”

ISabatha selizothatha omunye umqondo. Ngenxa yokuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wenkululeko, uSrayeli udinga ukugcina ilanga leSabatha (*Duter: 5:15*).

Yebo, ukudalwa akukho kude nomyalo weSabatha, ngisho nakuDuteronomi 5, yize kunesizathu esehlukile. Ngenye indlela, ukukhululwa kukaIsrayeli eGibithe yisiqalo sokudalwa kabusha, okufana nendaba yokudala kuGenesisise. USrayeli njengabantu abakhululiwe, uyisidalwa esisha sikaNkulunkulu (*bheka noIsaya 43:15*).

Njengoba ukuphuma eGibithe kuthathwa njengokukhululwa esonweni—ukuhlengwa—singathola eSabatheni isifanekiso sokudalwa nesokuhlengwa. Ngendlela ephathekayo, iSabatha lisikhomba kuJesu uMdali noMsindisi wethu.

Funda uJohane 1:1-13. Lezindimana zisifundisani ngoJesu uMdali noMsindisi wethu na?

Ukugcina iSabatha

UNKulunkulu uyala abantu baKhe ukuba bagcine ilanga leSabatha. Kanye-kanye nokungabulali nokungebi, kukhona umyalo wokukhumbula iSabatha, yize noma iBhayibheli lingasiniki imininingwane yokuthi siligcine kanjani.

Umoya onjani esifanele ukuwakha nokuwukhuthaza ngeSabatha? Bheka iHubo 92 noIsaya 58:13.

Ngoba ukugcina iSabatha kusho ukugubha ukudalwa nokusindiswa, umoya walo kufanele kube owentokozo nenjabulo kuNkulunkulu, kungabi owokudangala.

Ukukhumbula iSabatha akuqali ngosuku lwesikhombisa. Njengoba iSabatha lokuqala laliyisicoco sesonto okwadalwa ngalo, nathi-ke asikhumbule usuku lweSabatha isonto lonke, sihlele ngaphambi kwesikhathi ukuze sikwazi ukugudluza imisebenzi yethu yesonto lonke, sizokwazi ukuli "gcina lingcwele" uma selifika. Ukulungisa phakathi neviki, kakhulukazi ngosuku lokulungisela (ulwesiHlanu), (*Marko 15:42*) kumqoka, futhi kuyenezela enjabulweni njengoba kukhulisa ukulangazelela lolusuku olukhethekile.

Yimuphi umkhakha obalulekile ogqanyiswa nguLevitikusi 19:3?

Ukugcina iSabatha kusho nokuqinisa ubudlelwane bethu nomndeni nabangane. UNkulunkulu usipha isikhathi sobudlelwane obugxilile nomndeni wonke, kanti kubandakanya nokuphumula kwezisebenzi nezilwane zasekhaya (bheka uEksoduse 20:8-11). ISabatha nomndeni kuyahambisana.

Nakuba ukuphumula nesikhathi somndeni kubalulekile-nje, ukugcina iSabatha kusho nokubamba iqhaza ekukhonzeni uNkulunkulu nomndeni wethu oyibandla. UJesu waya enkonzweni, waba nesabelo khona eselapha emhlabeni. (*Bheka uLevi. 23:3, Luka 4:16, noHeberu 10:25*).

Nakuba izinhlelo nezigqi zethu zesonto lonke zisikhwishizisa, kodwa ekujuleni kwezihliziyo zethu kukhona ukulangazelela ukuphumula kwangempela kweSabatha, ubudlelwane bangempela noMdali wethu. Uma sikhumbula ukuyeka yonke imisebenzi yethu nezinhlelo zethu, sibe nesikhathi noNkulunkulu, siqinise nobudlelwane bethu, singangena kuleso sigqi nokuphumula kweSabatha.

Athini awakho amava ngeSabatha nezibusiso ongazithola ngokugcina iSabatha? Yiziphi izindlela ongenza ngazo okuthe xaxa, ukulenza libe yisikhathi esingcwele njengoba lifanele ukuba njalo?

Ukujula Nomcabango: “UNkulunkulu wanika abantu isikhumbuzo samandla aKhe okudala, ukuze bambone emisebenzini yezandla zaKhe. ISabatha lisimemela ukubona udumo loMdali emisebenzini yaKheNgosuku lokuphumula okungcwele, ngaphezu kwazo zonke izinsuku, asifundeni izigijimi asibhalele zona uNkulunkulu kuyo indalo....Uma sisondela eduze nendalo, uKrestu ubonakalisa ubukhona baKhe kithina, akhulume ukuthula nothando ezinhliziyweni zethu.” –Ellen G. White, *Christ’s Object Lessons*, pp. 25, 26.

“Esinye isizathu esibalulekile sokukhululwa kukaIsrayeli eGibithe kwaku ukubafundisa ukugcina iSabatha ngcwele....Ngokusobala, uMose noAroni bavuselela imfundiso yobungcwele beSabatha, ngoba uFaro wakhononda kubona wathi: ‘Niphumuza abantu emithwalweni yabo.’ Eksodus 5:5. Lokhu kukhomba ukuthi uMose noAroni baqala imvuselelo yeSabatha eGibithe.

“Ukugcinwa kweSabatha kwakungekona ukugujwa kobugqili babo eGibithe. Ukugcinwa kwalo njengesikhumbuzo sokudalwa kwakufuneka kuhlanguanise nenkumbulo yentokozo yokukhululwa ekucindezelweni ngokwenkolo eGibithe, okwenza ukugcinwa kweSabatha kube lukhuni. Ngendlela efanayo, ukukhululwa kwabo ebugqilini kwakufanele kukhanyise njalo ezinhliziyweni zabo ukucabangela abampofu, izintandane, nabafelokazi.”—Appendix note in Ellen G. White, *From Eternity Past*, p. 549.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- ① Amanye amaKrestu, okuhlanguanisa namanye amaAdventist, abona ukuthi imfundiso ye*Evolution* enokudalwa phakathi yisona sisombululo salempikiswano ephathelene nesiqalo sezinto zonke. ISabatha libonakalisa kanjani ukuthi lokho kanye nenkolo yama Adventist yizinto ezingasoze zahambisana? Kusizani ukugcina usuku lwesikhombisa ngcwele ube ugubha amabhiliyoni eminyaka, kakhulukazi njengoba iZwi likaNkulunkulu lisobala ngokuthi lwenziwa ngcwele ngemuva kwezinsuku eziyisithupha zokuqala zokudalwa?
- ② Uthini kulabo abathi usuku alubalulekile, kuphela-nje uma sinosuku olulodwa lokuphumula ngeviki? Ngakolunye uhlangothi, siphendula sithini kulabo abathi uJesu ungukuphumula kwethu kweSabatha, ngakhoke, asikho isidingo sokugcina usuku oluthile njengolokuphumula?
- ③ Ukugcina ngcwele iSabatha kungaba kanjani yisikhumbuzo senkululeko? Singagwema kanjani ukulenza umthwalo, nokwethembela kulona ngosindiso?
- ④ Abanye abantu bathi ukugcina iSabatha ngcwele ukuzama ukusebenzela ukungena ezulwini. Kodwa, uphi umqondo ekuthini ngokuphumula ngosuku lwesikhombisa, sizama ukusebenzela ukungena ezulwini?